**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2014**
**ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA( FAL)**
**IBANGA LESHUMI NANYE (GRADE 11)**

**IPHEPHA LESIBILI (PAPER 2)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**AMAMAKI: 70** **ISIKHATHI : 2AMAHORA**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

1.Leli phepha lineziqephu **ezimbili.**

**ISIQEPHU A:INCWADI – ITSHWELE LEMPANGELE: M.BHENGU -35**

**ISIQEPHU B:INCWADI – IZINYEMBEZI ZOTHANDO:D.B.Z.NTULI- 35**

2.Phendula yonke imibuzo
3.Bhala ngolimi ohlolwa ngalo(isiZulu)
4.Qalisa isiqephu ngasinye ekhasini elisha.
5.Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ITSHWELE LEMPANGELE : M. BHENGU

1. Fundisisa isiqeshana bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

"Usebenzaphi?"
"Uyimenenja embonini eyakha i-alluminium eRichard's Bay."
"Unesiqiniseko sokuthi akashadile?"
"Yebo."
"Ungakanani?"
"Uneminyaka engamashumi amathathu."
"Ufundisiwe?"
"Uneziqu zasenyuvesi."
"Umazelaphi?"
"Ngaqala ukumbona ebhanoyini ngivela eGoli."
"Wazi kanjani ukuthi uyakuthanda?"
"Yimfihlo ephakathi kwethu sobabili leyo. Qiniseka ukuthi uyangithanda. Ukuba bekungekunjalo ..."
"Akakaze akulinge ukuba uye naye ocansini?"
"Akaphansi ngalolo hlobo. Uma ungangikholwa, asiye kwadokotela, uye ozophendula lowo mbuzo."
Anikine ikhanda isikhathi eside ugogo.
"Angikholwa ukuthi ungoweNkolo yethu?"
"Cha akasiye. Yize kunjalo uyakholwa, uhamba isonto, uyathandaza, ulungile, unesihe, unobubele."
"Usenabo abazali?"
"Yebo."
"Sewuke wababona?"
"Cha. Njengoba nani ningakamboni nje, nami angikababoni abazali bakhe."
"Wawungangitsheli ngani sonke lesi sikhathi ngalo muntu ngane yomntanami?"

1.1. Ngobani laba abanengxoxo kulesi siqephu? (2)
1.2. Bahlala kuphi nendawo laba abaphendulanayo? (1)
1.3. Ubani igama nesibongo salo muntu abakhuluma ngaye la? (2)
1.4. Wayeyokwenzani eGoli lo okhuluma lapha aze ahlangane nalo akhuluma ngaye? (1)
1.5. Ubani igama nesibongo somfanyana lo wesifazane osemncane amazi ngalolu suku esebhanoyini? (2)
1.6. Xoxa ngemigqa emithathu kuya kwemine ukuthi kwakwenzekeni ngalo mfana ombhale ngenhla aze azithole esesebhanoyi? (3)
1.7. Uneziqu zamuphi umkhakha lo okukhulunywa ngaye la ? (1)
1.8. Caphuna umusho kulesi siqephu okhombisa ukuthi intombazana ekhuluma la isaziqhenya ngobuntombi nto bayo. (1)
1.9. Ubani igama likababa omncane wentombazana ekhuluma la? (1)

1.10.Ubaba walentombazane omncane wayethe angazithenga ngamalini izigebengu ukuze zibulale isoka lale ntombazane? (1)

1.11.Ukungafani kwezinkolo zabashadayo kwakungadala ziphi izinkinga Emindenini yomibili.Bhala amaphuzu **amathathu.** (3)

**[18]**

2.

"Lithatha kahle ikhanda lakho? Ngangithi awubuphuzi nje utshwala, udakwe yini pho? Udlala ngathi sinonyoko sibadala, usihlalisa phansi uthi asilalele ama ... ama ... amasim ...! Nx! Uthi uyaganwa kanti usitshela indaba yokuthi ufuna ukufaka i ... i ... i ... iNdiya emzini kaBaba?"

"Ngithatha ngokuthi nalo liwumuntu baba. Uma lingithanda nami ngilithanda, kufanele nani nilithande. Angiboni sono lapho."

Mamo uManukelana!

"Washa khekhe! Uhlale uzwa kushiwo! Lithandwe uba? Njengoba uthi lingumuntu nje lingumuntu kuphi khona? La emzini kababa? Uyabona ukuthi usangene ngempela? Bengilokhu ngithi mahlayeni mahlayeni! Aaaaga demethe! Akugitshelwa mina kwelami ikhanda my boy! Never mind maaaaan! Ayiyekwe futhi le ndaba ngoba ngizoze ngicasuke. Mina-ke ngicasuka kabi ngoba ngicasuka qede ngiqalaze isiqwayi lapho singakhona."

"Ayingayekwa baba. Anginabo abanye abazali engingayikhuluma nabo ngaphandle kwenu. Anginalo elinye ikhaya ngaphandle kwaleli. Anginalo elinye idlozi ngaphandle kwaleli elisemsamo. Kwalesi siqwayi okhuluma ngaso angisiboni isidingo saso."

Ehlise umoya uManukelana.

"MaMzimela!"

Asabele.

"Uyamuzwa ukuthi uthini lo? Uyabona ukuthi akagcini ngokwedelela mina. uze edlule ayogasela idlozi elikhulu lalapha ekhaya? Uyabona ukuthi usiqhatha nezinyanya ufuna sishe nomuzi sibhubhe siphele?"

Wayelokhu evume njalo ukuthi uyabona oKaMzimela.

2.1. Ubani lona okubukeka lingathathi kahle ikhanda lakhe? (1)

2.2. Ukhuluma nobani lo okuthiwa akathathi kahle? Bhala igama lakhe. (1)

2.3. Abakwabani isibongo laba balisa bobabili? (1)

2.4. Xoxa kafushane ukuthi daba luni lolu olwalubikwa yilo okusoleka ukuthi akathathi kahle ekhanda futhi kungani kwaba nalo mbono?(Bhala amaphuzu amathathu.) (3)

2.5.Ubani igama nesibongo " seNdiya" okukhulunywa ngalo la? (2)

2.6. Lokhu kungezwani okuqale kulesi siqephu kwaletha ziphi izinguquko ezintsha kulo mndeni. Bhala **ezintathu.** (3)

2.7.Caphuna amagama esiqeshini asho okufanayo nalokhu okuchazwe ngezansi:

2.7.1. Abantu abadala asebadlula emhlabeni. (1)

2.7.2. Induku yokushaya. (1)

1.7.3. Ingxenye yendlu yesizulu eqhelelene nomnyango. (1)
1.8. Bhala izizathu **ezimbili** ezidala ukuba leli Ndiya lingamukeleki kulo muzi. (2)
1.9.Ucabanga ukuthi sizathusini esidala ukuba okaMzimela alokhu evume njalo? (1)
**[17]**

**ISAMBA SESIQEPHU A SESISONKE : 35 AMAMAKI.**

## ISIQEPHU B : IZINYEMBEZI ZOTHANDO: D.B.Z. NTULI

3.Fundisisa lesi siqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

Kuthe uma ifika lapho umgwaqo wenza khona isiphambano, yajikela ngasesandleni sokunxele, yabheka lapho beqhamuke ngakhona beseza kwaMafutha.

"Engathi kufanele siphendukele ngasesandleni sokudla nje bobhuti, akunjalo? Bengithi siqhamuke ngapha emini sisafika," esho ekhomba uKaMaseko. Uyaziqinisa, uvalo selukhona.

"Akunjalo. Siqhamuke ngapha. Nguwe ongasaboni. Kufanele kodwa, indawo awuyejwayele," kusho uJoe imoto isidledlemuka ngempela. Athuleke uKaMaseko kodwa engenelisiwe neze. Uyabona ukuthi beduka ngempela manje nehlathi. Habe! Nakhu sebephuma ehlathini. Dukuduku bangene kwelinye. Isinindolo. Akakhumbuli mpela uKaMaseko ukuthi bake bedlula kwelinye ihlathi, nokwenza elikhulu kanje, beseza neno. Ihambe kuze kube mnyama kakhulu imoto.

"We Sisi, uzowukhokha ngani lo phethilolo wami engikuzulise kangaka ngawo?" kubuza uJoe, umshayeli phela. Ethuke ngokunye uKaMaseko esezwa amazwi ajiye kanjalo, nokuncokola sengathi akusekho, kodwa azame ukuziqinisa.

"Awu, ukusho ngani lokho?"

"Ucabanga ukuthi uphethilolo wami ongaka ohambe ngawo angiwukhiphelanga mali yini?"

"Hawu, ingani awushongo ekuqaleni ukuthi ngizokhokha, nokwenza ngikhokhele nalolu hambo lwenu lwangapha ehlathini? Kulungile phela ngizokhokha, angenqabile. Imali ikhona. Into nje bengilinganisele imali yokuya nokubuya edolobheni."

"Kahle ngamatshe. Angikasho ukuthi khokha. Bengisabuza nje."

3.1. Sithini isihloko sendaba okuthathwe kuyo lesi siqephu? (1)
3.2. Obani amagama abalisa **ababili** ababesemotweni noKaMaseko? (2)
3.3. Ubani igama nesibongo somyeni woKaMaseko ? (2)
3.4. OKaMaseko wayemi nobani esitobhini ngalolu suku? (1)

3.5. Sizathu sini esasenze oKaMaseko agcine ekhwele kule moto enalaba balisa angabazi. Xoxa ungedluli emigqeni **emibili.** (2)
3.6. Bathi bayobheka ubani laba ababili ngesikhathi bephambuka ngemoto emgwaqweni oya edolobheni? (1)
3.7.Xoxa kafushane ngokwenzeka kuKaMaseko nalaba balisa emva kwalesi siqephu kuze kufike esiphethweni sendaba.Bhala ngemigqa **emithathu** kuya **kwemihlanu.** (4)
3.8. Sifundo sini osithole kule ndaba? Shono nokuthi kungani uthole leso sifundo. (3)
3.9. Uma wena wawungumyeni woKaMaseko wawuyokwenzenjani ngomkakho

emva kwalesi sigameko? Bhala amaphuzu **amabili.** (2)

[18]

4.Fundisisa lesi siqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

"Ngiyabuza ngithi, yikuphi okunye okungcono okuhle engingaphinde ngikwenzele khona ngaphezu kwalokhu?" Wambuka ngamehlo amahle ayensundu. "Ngicela ungicacisele, Valerie".

Impendulo kwaphinde kwaba yizinyembezi. Ihluthuka inhliziyo kuMcCall waphuma exhuthuzela wayongena ekamelweni lakhe lapho wafike wabamba ikhanda khona walinikina ethi, "Ngake ngazilaya ngalanda utetemile osengitetemela lapha ekhaya. Yikuphi okwedlula ukumkhathalela ngokumqamba ngebha ayeyisidakwa kuyo iminyaka, nokumondlela emzini wami onebha ngaphakathi negushede lezintaba zotshwala nezindunduma zogwayi?" Wakhumula wangena ebhavini wageza. Waphuma waziqhola, wagqoka wabuyela khona futhi endlini yokuphumula eyayinoValerie owayekhedamisile.

"Awunasikhathi samuntu Dave?"

"Sekukaningana ngichaza Valerie ukuthi nginesomsebenzi. Uma ngingaphuthumi sikhathi somhlangano, ngisuke ngiphuthuma esebhanoyi. Noma ngikuyo, ngindiza, ngisuke ngingaphuphi ntombi, kepha ngisuke ngibhala amaphuzu engxoxo engisuke ngizoyethula emhlanganweni."

"Kodwa uyabona ukuthi ngiyagula?" Wambuka ngawesixhwala.

"Sengaze ngazifundisa Valerie ukuthi isiguli akusona esami, esodokotela nezibhedlela."

"Nesidumbu akusona esakho, esabasemakhazeni Dave?"

"Impela, nakuba kubuhlungu ukukuvuma lokho, kepha kuyiqiniso kunjalo. Odokotela, abahlengikazi nabo bonke abanye abaphathelene nezokwelapha, umsebenzi wabo bawenza ngoba bezinikele, bekufundele futhi ukuchitha isikhathi sabo sonke ngeziguli. Abangcwabi uma bekhuluma ngokuthi abanasikhathi njengami, basuke beqonde ukuthi bamatasatasa ngezidumbu. Ngaphambi kokuba ngishayele i-ambulense bakulande abazosebenzisa isikhathi sabo esigulini abaphila ngokuselapha, ngibuza okokugcina manje. Nksz. Valerie Bennett, othandekayo, ukhaliswa buhlungu buni usembusweni?"

Wakhala uValerie ethi, "Mama noBaba, nawe Richard, ngicela ningixolele."

4.1. Owakwabani lo Dave okukhulunywa naye la? (1)
4.2. UValerie yena ngowakwabani isibongo? (1)
4.3. Lalibizwa ngani ihhotelakazi lodumo likaDave elaliseThekwini? (1)
4.4. Xoxa kafushane ukuthi yini eyayidale ukuba uValerie ahlale lapha ayehlala khona.Bhala **amaphuzu amathathu.** (3)
4.5. Sizathu sini esasenza uValerie angathokozi yize enobukhazikhazi bonke? (2)
4.6. Khetha impendulo eshaya emhlolweni kwezilandelayo. Bhala uphawu kuphela.

4.6.1.UValerie wayehlala emzini kaDave ose……

A. eMhlanga
B. eMhlali
C. eSalt rock (1)

4.6.2. Isisebenzi sokuqala sasendlini esasinakekela izidingo zikaValerie ……..

A.uThulisiwe Luthuli
B.uThulile Masuku
C. uThulisile Langa (1)

4.6.3. U ……. ……..ngenye yezinsizwa ezintathu ezazitatamisa uValerie kuhle kwezinceku zeNkosi.

A. uSiyabonga Mkhabela
B. uMathokoza Mhlanga
C. uMthokozisi Mwandla (1)

4.7. Yiziphi izigigaba zempilo kaDave noValerie ezazifana ncamashi futhi zaba namithelela mini ezimpilweni zabo? Bhala amaphuzu **amane.** (4)

4.8. Sifundo sini wena osithole kule ndaba ? (2)

**[17]**

**ISAMBA SESIQEPHU B :35**

**ISAMBA SEPHEPHA SESISONKE:70**